Gabangaye and other matters of the Chunu tribe. K13|21 1b 1/10

s438 (32) AM/3/21 K13/21 F. Vilakazi

1. **Izekwa uMatshane Mabaso no Nzondo Mcunu**

**uGa6angaye ka Phakade ka Macingwane wase Macunwini:-**

Kuthena ngokuhlupha kuka Tshaka inkosi yakwaZulu, uMacingwane wa6ona ukuthi akukho masiza okungcono uku6aleka eduze kuka Tshaka. Ukukhukhula kwawo aMacunu aze ashayeke ondini kuma Hlu6i. Ngoku6ona loku usethumela impi uTshaka ukulandela amaCunu Sekuthi aMacunu esumuphambanisela umkhondo uTshaka nempi yakhe. Kuthena uku6a afe aMacingwane kwa6usa uPhakade indodana yakhe. uPhakade akayi thandanga impanto nenhlalo yakhe eduze namaHlu6i njengo6a inzwe lase lingenwe yi6ona a6amuhlophe. Kuthena kungafa uTshaka waphindela ukuyo khonza kwaZulu nesizwe sakhe kwafumaniseka ukuthi inhlalo iseyimbi njalo. Nezimpi ziseningi kwaZulu nom6ango muningi ukuphumula akukho. Usekhukhula naye.

2. Usekhukhula ku Mpande. Uthena uma awele (uTugela) sukela wase uyakha ngaphesheya wethemba a6amhlophe, ngo6a uSomsewu ka Sonzica wayesekhona kanyo namanye amaBunu. Uthena ukufika kwakhe uPhakade wafumanisa amalala a6ase ma6eleni inkosi ya6o kuwu Gotshana. Asemu6ulala amacunu. Uku6aleka kwayo eyase Mabeleni. Kuthena uma esefile uPhakade washiya amadodana ama6ili uGa6angaye no Silwane. Kuthena uSomusewu wafika nezwi lokuthi amakhosi wonke mawathele ngezikhumba zezinyamazane nange zimpondo zezinyamazane. Amanye amakhosi akwamukela loku njengaMacunu naMagwane na6aThembu kodwa uzulu akavuma. Kulapha uCetshwayo no Somsewu se6ephambana. uCetshwayo usekhomba u6uningi 6ama6utho akhe, elinganisa ngo6oya 6esekhumba senka6i ukuthi musukwana aphela wothela uSomsewu naye walinganisa u6uningi 6ama6utho akhe

3. ngophoko. Usesuka uSomsewu eqonda ku Langali6alele inkosi yamaHlu6i ayavuma ukulalela uSomsewu useqala ngayo ukulwa uSomsewu asehlulwa amaHlu6i. Athena noma ekwela undi afumanisa a6eSuthu 6awa gwaza. Use6uya manjena uSomsewu. Usethi ku Cetshwayo kuhle uma ephakamisa indwangu uyo6e wehlulwe kuhle uCetshwayo amulindele. Sekusuka aMacunu na6aThembu naMagwana 6ehlasela uZulu naye6elu x uSomsewu. Kwathi inkosi yase Macunwini uGa6angaye wahamba na6antu 6akhe kwathi eya6a Thembu

MEM /6ayalela................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ya6alela eya6o inkosi. Izinduna zathi asiyazi inkosi ehlaselayo. Ne6ala ukuhlala kwakhe uMganu. Impike yalwela eSandlwane. Uthi uMatshane owayekhona kulempi elwele amacansi neziqiki na6anye, kwathi uku6a ihlangane uZulu wavutha.

4. Sakhala kuma Ngisi. Kwathi uGa6angaye ese6one ukuthi uZulu ubokile akavuma ushiya inkundla kwakulapha i6utho lakhe imbungulu ingaka shayi yona. Kuthena noma uSomsewu esephakamisa iduku ukusho uthi 6ehluliwe uZulu aka6e esama. Kwayilapha ethi ngashiywa. Kwathi imbungulu ka Ga6angaye yabubela lapho kanye naye uGa6angaye. Kwathi a6amacansi uku6onaku 6a6aleka kakhulu impela 6aphinda emva. Kuthena ngakusasa uSomsewu wase eyiphaka ngokusha lapho afike amucitha khona uZulu. Kwathi ngenda6a yezinduna, ya6athena inkosi iyazithukusa zaye zayikhomba izinduna ngo6a zifuna uku6ekwa nazo ezinye njengo Zibebu kaMaphitha oyena wenza inkosi uku6a i6anjwe. Kwathi nalapha isithathiwe wathatha isigodlo senkosi kwa esakhe. Yikona loku okwalwisa uDinizulu

5. noZibebu. Ngo6a uyena futhi owahlanga6eza inkosi ngempi musukwana 6eyi6uyisa a6amhlophe.

Kwathi uma uGa6angaye esefile aMacunu athukuthela impela kakhulu. Kwase kuthatha yena uSilwane umfowa6o. USilwane kwakuyindoda emnyama yesa6eka kakhulu impela. Kodwa ngesikhathi sakhe wawa6usa kahle impela aMacunu. Kwakuyindoda efuna ukuthula. Nanamhlanjena aMacunu ayayikhumbula lendoda. Umuntu owaye nocuku wayehlawuliswa, Ihawu lalingaphatwa emusindweni ngaphandle umakumenye zelwe ukuthi maziphathiwe izihlangu. USilwane waye wathanda amadoda.waye fumaniswa e6andla njalo exoxa namadoda ezempi nezinye izinda6a. Kodwa yena wayethanda ukudumela ku6a Thembu akuzwe izinduna ne6andla. Kuze kwathi ngempi ka Bambatha

6. wakhombisa ulaka lakhe musukwana kuyothelwa ngaphesheya kwe mpofana kwaLenje lapho impi ayiphaka kusukela ekuseni laze layoshona engadlanga esemnyama njengesilwane. Wayiphaka waze waphaka neyamakholwa lapho athola leligama i6utho lawo kwathiwa iZazi. Kuthiwa wayefuna ukwelekelela uBambatha. 6ashesha ukum6ona a6amhlophe 6amudingisa masishane esafuna amasu akudumela

MEM /Kwathi............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwathi enganazele kwaqamuka amaphoyisa amhlophe amtshena ukuthi uyafunwa enkantolo eWinene. uSilwane wa6ona ukuthi akasenaku 6uya se6eyakumudingisa a6amhlophe ne6ala akamange esa6uya ~~xxxxxxxx~~ wadingiswa.

Kwathi izinto eziningi zashitsha kwathi nokweshwama kwenkosi akwa6e kusaziwa. Into eyenza loku impi yezindela namathelamali. Umuntu noma elambile ngesikhathi sika Silwane waye ngalokothi

7. ukukha okusemasimini. Nothuke ekukha amahleza usezowathukusa impela ngo6a engahlawuliswa inkomo. 6ekuthi uma eseshwama uSilwane amemezele ukuthi wonke umuntu aze afike. Ama6utho wona eze ephelele ehlome ngempela sengathi azophuma impi nokuvumula ku6e okwempi. Kuzakuthi yena uSilwane elashwe izinyanga zimuqinisa ngezithelezi, ephalaza futhi, ukuze aqine noma izitha zimuhlasela. Wayehleli ngokuwesa6a amaThembu ukuthi ngahle amenze ka6i. Kwathi noma esethathekhona uvalo laluku lunaye. Into eyamunisa ka6i yi6ona a6amhlophe nga6e wawadumela amaThembu 6ekuthi emva koku6a yena esephumile 6onke a6antu 6ahambe ~~xx~~ nezinduna se6eyogeza emfuleni. Kuthi umaku6uywa 6esekuyosinwa kanye naye inkosi uqo6o. Ku6e kuhle ngalolo suku. Ku6ulawe nezinka6i kosiwe kudliwe.

8. Omunye umthetho ka Silwane, wathi umuthetho wokuthomba kuhle ugcinwe njalonjena. Uma umfana eseqala u6udoda kwaku6ona kala ngo6a kuse engasekho ekhaya nezinkomo zingekho esi6ayeni. Kuzakuthi uma6evuka a6adala 6amangale ukuthi izinkomo zishonephi. Sekuzo6uzwa ku6afana ukuthi u6ani ongekhona. Se6ezokusho ukuthi u6ani ~~x~~ ongekho. Sekuzokwaziwa ukuthi u6ani useqale u6udoda. Uzohlala ehlane lize lishone eloku evuke e6usuku. Kuthi uma efika ekhaya nezinkomo angakhulumisi muntu. Kuthi noma 6emudlalisa 6entela athule njena. Uyise womufana usezokhipha imbuzi ukumuhla6isa. 6ese iyadliwa leyombuzi umukhaya. Usezokhuluma manjena. Loku kwakwenza a6afana 6aqine 6a6e amadoda. Kuthena ngokudingiswa kuka Silwane kwafa konke loku. Umuzika Silwane yayimu6ili ku

9. 1. Sekuvukeno 2. Ezintandaneni.

Ekuvukeni iwona muzi omkhulu impela ka Silwane nalapha uMjudi asakhe khona manjena. uMjudi indodana ka Silwane eyona

MEM

/i6ambele....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

i6ambele uSimakade ozalwa inkosikazi uManguбane noko usemuncane. Inkosikazi yona ihlala ezintandane. uMjudi walithola leligama ngo6a unina walandela inkosi uma idingiswa a6amhlophe. Unina ka Mjudi akuyona kodwa inkosikazi. Kwathi ngempi yezindela namathela kwakhethwa uMjudi uku6ambela uSimakade.

Kwathi emadodaneni ka Phakade njengo6a uGa6angaye yena wafela x impini yamaNgisi no Zulu 6athi 6e6aleka a6anye yena waye salindele uku6amba kwembungulu.

uSilwane yena wajudiswa ngo6a ku6onakala ukuthi uhloseyona impi. Kwa6ona kala musukwana.umfoka. Xakaza ethela inkosi emhlophe ngothuli u Mr Grawuni ezothelisa.

10. Kwathi uDlayisa x yena wawelela ngaphesheya, wa6usa khonayena. uDlayisa uzala oNzondo, uMkwenyane, na6anye a6aningi oMuyene. Kuze kwathi ngempi yezindela wachithwa uMkhwenyane ngo6a uDlayisa wayesefele yena seku6usa indodana. Kuthena uma echithwa uMkhwenyane kwesatshwa ukuthi uzokwenza ucuku enze umu6ango no Mjudo. Kwa6ekwa uHlathi wakwa Shezi esikhundleni saka. Nanamhlanjena izinceku zika Mjudi akuwona aMacunu ngezi6ongo. Ukhetha kwa6o ezinye izi6ongo ngokwesa6a ucuku.

Uma Nyuku6elana inkosazana ka Phakade. uNyukumbelana aka6onaze agane. Kuthiwa khona e6uncaneni 6akhe waye nyanya ukuhlangana nomfana. Akafunanga ukungcolisa umuzimba wakhe. Kuthiwa ziningi izinsizwa zezikhulwane ezazimufuna kodwa ye akavumanga nakwe yodwa insizwa ukuhlangana nayo. Nokuqoma.

11. Kuthena se6emu6onisa a6anye aka6onaze avume. uNyukumbela wenkosi uyesa6eka unjengomufo wa6o uSilwane. Unomzi wakhe yedwa ekuvukeni. Uyena noluleka amakhosi noma ku6onakala ukuthi inkosi yimbi namhlanjena iloku kusile ithukuthele sezehlulekile izinceku ukuyikhuza kodwa umasekufika lona kaPhakade kuyona iqale ukuthuthumela noku6ona onke amasu ashwo umaNyukumbela wenkosi. Uyena okwathi noma uSilwane ethukuthele musukwana kulwa uBambatha wamukhuza ukuthi amuse ukuchitha u6ukhosi 6akhe. Ne6ala kwathi kanti u6ese ephake ngeziga6a waze waphaka neyamakholwa imbala wa6uye wazikhuza. Kodwa noko a6amuhlophe 6aku6ukisisa konke loku ukwenza kuka Silwane. Ziningi izimpi elamula uNyukumbela

MEM

/wenkosi..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

wenkosi ka Phakade.

12. Nokuze a6aThembu a6angaphesheya ko Tukela ngasemacunwini anga6ulawa uyena oloku evimba ulaka ewamakhosi. Nangempi yezindela namathela wakhuza kaningi ephinda, phinda. Kodwa kufumaniseka ukuthi naye akayithandanga inda6a yokuthi amacunu anga6uswa umfokazana iceku ka Silwane. uMzocithwayo eyayihlala ezintandane nekosikazi yenkosi uma Ngu6ane. Uyena uma Ngu6ane owamela uMzocethwayo ukuthi a6eyinkosi yamacunu. Na6anye a6antu 6avumela yena umama Ngu6ane. Kuthena noma umaNyukumbela ethi uyamu6onisa umama Ngu6ane akavuma neze ukulalela. Kwalapha no Gi6a engazi6ekile ngalenda6a. Umakushiwo inkosi eyona yakhomba inceku uku6a i6eyi nkosi esikhundleni sayo. Impike yalwela kulowo mnyama onjena kungekho ukuyilamula.

13. Nomjudi uyena themba lakhe uma Nyukumbelana. Njengo6a naye sewacitha 6onke a6ase Macunwini wazimela yedwa naye uMaNyukumbelane Uyena futhi owamuciza ukuthi Amacunu azomu6angisa. Unezise6enzi zakhe uNyukumbela. Noma eyaphi uyaphelezelwa njenge nkosi. Umuzi afika kuwona uyohlatshiswa njenge nkosi. Amacunu wonke ayamazisa uma Nyukumbela. Ucishe afane nomkha6ayi ka Senzangakhona wakwa Zulu. Uma Nyukumbelana wamusola uGi6a ngo6a wasuke wathathazela. Uthe uNyukumbela esafuna isu lokumu6ulala x uMzocithwayo. Kuthena esasho njalo ukuthi kuhle 6afune isu lokumu6ulala wa6ona kukude uGi6a. Wayengayi funi impi uMaNyukumbelana. Uthena esafuna uku6onana nezinduna zika Silwane kwalapha isihlaselana impi. uGi6a namanye aMacunu awamange esalindela elika Manyukumbela izwi.

14. Uma Ngu6ane akumuthandanga uMjudi. Kodwa waye engenakwenza lutho. uMjudi insizwa ende emnyama noko yinhle ifana noyise. Ukuthula kwayo kuyamangalisa. Ayikhulumeli futhi inolaka. Isona sakhe uMjudi akafuni ukululekwa a6akhu6o. Uhamba e6akhotha. Kuthena namhla esevumile ukuthi isikole singavulwa ngase Ntanyana. Kwathi makuyosayinwa, oyise kazi 6enqa6a. Kwathi noma inkosi emhlophe i6a6onisa usizolwesikole a6avuma 6afuna ukulwa. Njengo6a lenda6a yayikhulunyelwa khona

MEM /eNtanyane............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

eNtanyane ethafeni kukhona umfundisi Rev. Maricu wase maRomeni eGreytown nomushumayeli wakhe uNzondo Mcunu ka Dlayisa nayoke inkosi yaso Tugela Ferry a6athi uNyamazane. Amazwi okugcina ka Nyamazane wathi nina machunu, "Nodla udaka njengezimfene, umanala imfundo." Kwathi noma inkosi ithikaza ifuna ukuvuma. Amacunu

15. afuna ukulwa nayo. Nezinceku zayisola inkosi. Kwazisa ukuthi isencane ayika6i namandla, isaphetwe izinceku nezinduna. Imithetho kaMjudi ayiminingi sengathi uhlalele ovalweni njengo6a naye uNgu6ane uyibeke emehlweni inkosi ukuthi ingathi ceze ayi6ophe phoke ngalesi isizathu aku6ona kali kahle uku6usa kwayo. Naphezu koku6a amacunu ku a6antu 6ocuku 6aya muvakashela uMjudi. Naye uya6athanda e6athandela eku6esa6eni. Phela amacunu ehlukeni kukhona onda6a ezitha ase6ukhosini. Nomucunu langa okunge6ona a6ase6ukhosini. Eyi6ona 6enolaka onda6a zitha. Kwathi uMvalelwa wase6ukhosini ngokuziphatha kahle wanikwa isifunda saMacunu na6a Thembu eduzane nase Waschbank. U6esahleli ngoxola nangokuthula yena noma kulwa a6aThembu nama Cunu akayingeni yena.

16. Amakholwa

uSilwane waye wazisa amakholwa. Ethanda uku6onana nawo njalo njena. Waye wethemba ukuthi alungile futhi awanawo umusindo. Waze waqamba i6utho lawo wathi izazilezi (izazi). Waye vumile uku6a amakholwa a6enezindlu eziningi zamasonto. Uma kufika umfundisi omnyama nomhlophe wayefuna angeniswe endlini ngomusa lapha ekhona yena axoxe naye umulomo nomulomo. Amuphe nokudla. Uma engaphuzi amuphe inyama. Uma elala anikwe indawo enhle yokulala. Kuya 6onakala ukuthi uku6a wake wahlala eside isikhathi wayezo phenduka a6o yikholwa. Inkosikazi yakhe uma Ngu6ane useyikholwa lakwa Shembe nendodana yakhe iyafunda iyikholwa futhi. U6eja6ula uma amakholwa ezomenzela umuthandazo ekhaya lakhe.

17. Ukuja6ula kwakhe ukukhombisa ngo6a waye wahla6ela. Ngesikhathi sakhe, ikholwa 6elingashaywa noma kukhona impi. Kwathi nangempi yezindela a6afundisi a6a6onaze 6ashaywe. Kwalwa amabeshu odwa njena. Umfundisi Philimon Dumakude noJokwe 6ayakufakazela loku ngo6a amasonto awa6onange evalwa. A6anye a6aningi 6a6e 6alekela



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

emasontweni 6acashe khona, ~~xx~~ ne6ala 6asinde la6o. Naye umfundisi uDumakude wathi eqonde Emhlangane wedlula kuyona impi ayamenzalutho. Wathi noma eyi6ingelela yonke yaphakamisa amahawu yaja6ula. Kwathi nezikole zafunda izingane noma eza6anye a6a amabushu zaphuma ezikoleni ngokwesa6a. Nawo amakholwa ayeziqenya ngenkosi yawo uSilwane. Ayenzele notshwala ayisele. Nenkosi iwavakashela. Ayesa6eka amakholwa anesithunzi ngalezo nsuku. Kuthe emva kwempi yezindela amakholwa awa6e

18. asahlonishwa. Okwenza lokuyingo6a kwathi a6aningi 6amabeshu 6azenza amakholwa, kwavela nokungethembeki kuwona amakholwa alwa namabeshu. Namhlanjena uma ilwa impi kuyafana ikholwa nebeshu. Uma isigodi silwa nesinye kuvaleka nezindlela zokuya emasontweni, ngo6a nekholwa 6ayalishaya. Kwathi ngomemulo wenye ingane yesikole uTerezia Nxele kwagcwala izingane eziningi zamakholwa, nezinsizwa na6afundisi. Namakhosikazi nawo 6elu amabeshu agcwala. Kuthena ntambama yasuka impi yamakholwa odwa akwa Leje (imission yamaLuthela) nawase Thembeni. Kwathi akwa Leje ehlulwa amakholwa. Kwathi e6usuku amabungwana amabeshu ashaya umufana waseThembeni omuncane angakwaLije lamabeshu. Yalwa futhi e6usuku sekuxu6ene namabeshu. Yehlulwa eyakwa Leje futhi.

19. Umatshana Ma6aso:-

Ngishilo ukuthi uMatshane no Mawisa na6anye kwathi uku6a ihlangane impi kaCetshwayo nama ngisi eSandlwane 6a6ona ukuthi 6ayafamanjena 6a6aleka. Kwathi umase6ebeke emuzinyathi waqamuka uZulu izinsizwa zi6axosha. Kwathi yena noMatshana naye nokufa a6awuwela umzinyathi 6asithukusa nganeno. Izinsizwa zaqonda la6a a6a6alekayo. Kwathi umazi6afumana za6a6ulala. Amacansi zawemukisa neziqhiki nomfula. Kwathi umasezi 6uya aza6ezisa naka uku6a funa. Kuthena umasezishonile 6avuka kwayilapho seliyoshona. Kuthena ngaphesheya koMuzinyani 6ahlangana neyaku6o esindile. Kwathi aMacunu aphela wonke kulempi naMangwane. Kwa6a ukusinda kwa6oke lapho oMatshana 6aqonda ekhaya.



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

20. Use6uza uMganu inkosi ya6aThembu ukuthi impi elweka njani se6emulandisa ngo6ayena walelwa izinduna ukuyokulwa. Usethi, "Nami nga6e ngifile" usehlalela ovalweni ukuthi uzulu uyeza. Kwathi uku6a amangisi anqo6e wayikhona ethola ukuzinza manjena. Kuthena ku6usa yena wawuthusa kakhulu umukhu6a wokugwe6a izingane. Kwathi namakholwa wawafosa uku6a izingane azigwe6e. Loku kwenziwa kanjena kuthathwa umhlanga ufakwe ngemuva enganeni sengathi izocathwa. 6ese iphehlwa ingane isizokopha impela kakhulu. Yilelo gazike eyilona likhishwayo. Kwenzelwa ukuthi izingane zikhule zilungile zingenalo igazi eliningi. uMganu wayethemba ukuthi ingane engagwetshwanga ayilungi kahle ayizothi 16a uhlanya ingakwazi ukuzitho6a. Kunezinyanga ezenza loku
21. ukugwe6a izingane. Phela a6anye 6a6esa6a ukukhala kwezingane. Nezinduna zaziqaphela impela loku. Na6azali 6a6e wuthanda lomkhu6a ngo6a 6ewuthemba ukuthi uyasiza impela ezinganeni. Umuntu onamanga wayemuzonda kakhulu uMganu.

22. Impi yase Mhlangane

uManyela Mzimase Mngco6o no Luphondo Nxele.

Kwathi uku6a a6one uGi6a ka Phakade ukuthi akukhomasiza impela uMzocitwayo uzaku6a inkosi waqala ukutshisa imizi. Kwathi umaliyoshona wayidumela imizi yaMathela. Ukuphumakwawo aMathela ahloma nawo. Kwathi e6usuku yadumelana ehlulwa aMathela. Kodwa kwathi ngakusasa yahlanganela khona ngaphezulu eMhlangane. Kwathi na6esigodi sakwa Dumakude, naMadulane no Nxamalala zakhuphuka. Kwazisa ukuthi kuzozonke izigodi kukhona izindela namathela. Lempike yahlanganela ngaphansi ngasothukela liqala ukushona ilanga. Kwathi e6usuku la6anonyezi. Kwehlulwa izindela kulena. Umanyela kwathi loku umuntu osemudala wezwakala ehleka kakhulu. Yena uManyela waye ngase zindeleni. Wayembethe isiphuku sakhe esiqola nesihlangu sakhe esintusi. Nenkosi
23. uGi6a waja6ula uku6ona uManyela phakithi kwempi ngo6a emazi ukuthi uyishinga. Yathi ukudumelana kwezwakala amatshe namawisa kujikijela izindela nawofuthi amathela. Kodwa kwathi uma isihlangene kwaphela loko. Umanyela wayeluphodo lwesokudla

MEM /lempi...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yendlala eyavela emvakwalempi.

26. Amasela. A6antu a6aningi 6aphenduka amasela ngelendlala. Ikakhulu a6afelwa amadoda a6o. Kwathi a6akwa Dladla umuzi omukhulu waphenduka amasela. Kwathi zonke izimbuzi ezingase siMumu ukuya ngase Ntanyana zaphela inda6a yawo amasela. Kwathi noma kuphuma impi yokufuna izimbuzi 6afumanisa ukuthi zidliwa amasela. Kwathi 6onke la6o a6entshontshayo 6axoshwa 6aya ezinkangala a6aningi. Naye uManyela waphenduka lona isela elikhulu waziqeda izimbuzi zakwa Dumakude. Kwathi umundeni wakwa Dumakude wahlangana wamuxosha. Namanjena akezwani nomundeni wakhu6o. Nasenkangala wafika wantshontsha kakhulu amasaka a6amhlophe. Kwathi ngalendlala nezinkomo zaphela. Na6akwa Dladla 6axoshwa ngenda6ayo kuntshontsha. Kwa6ulawa nezinja futhi ngenda6a yendlala.

END 438.

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.